

## UKUMISWA KWESITELEKA KWASARS

**12 KuNcwaba 2022** – UPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (SARS) luyakwemukela ukumiswa kwesiteleka sezinyunyana zabasebenzi ezimbili ezaziwayo, i-PSA ne-NEHAWU. I-PSA kwaba yiyo eyasimisa kuqala isiteleka ngokusemthethweni kusukela mhla zingama-20 kuNtulikazi, yalandelwa yi-NEHAWU mhla ziyi-08 kuNcwaba 2022.

Ngenxa yalesi simemezelo esenziwe yizinyunyana zabasebenzi zombili, izisebenzi ebezitelekile zibuyelile emsebenzini nasekwenzeni imisebenzi kaSARS, kubandakanya ukuxhumanisa uhwebo emingceleni yethu, nakho kusaqhubeka njengenjwayelo.

Ukumiswa kwesiteleka kunika zonke izinhlaka ithuba lokusebenzela inqubekela phambili ezingxoxweni kanjalo nakuzingxoxo ezihambisana nalokho emizamweni yokusombulula izingxabano. Mayelana nalokhu, kuzohlelwa isikhathi maduze sezingxoxo zokulandelela kulolu daba kanye nenqubo yezingxoxo phakathi kwezinyunyana i-National Bargaining, ukuze kuqhutshekwe nezingxoxo.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne [SARSMedia@sars.gov.za](mailto:SARSMedia@sars.gov.za)